**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE KUVULWA ISIKALI EGINGINDLOVU NGOMHLAKA 07 OCTOBER 2008.**

**Ngiyanibingelela**

- Njengomndeni wezokuthutha sesiyazi sonke ukuthi kusukela ngo-2005 u-October uba inyanga yezokuThutha kuzwelonke. Kulo nyaka sibheka uhlelo lwethu lwezokuthutha ngo-2010 nangemuva kwawo.

- Uhulumeni wethu uthatha iNdebe yoMhlaba njengeletha umnyakazo omkhulu kwezokuthutha eNingizimu Afrika. Nangemuva kweNdebe yoMhlaba ka-2010, izinhlelo zethu zokuthutha kumele zikwazi ukusimamisa umnotho wethu.

- Kodwa sifuna ukuqinisekisa ukuthi ngenkathi sigxila ku-2010 nangemuva kwawo, siyaqhubeka futhi nokuletha ingqalasizinda yezokuthutha ezindaweni ezingathintekile ngqo emisebenzini ka-2010.

- Yingakho silapha namhlanje sizovula isikhungo sokulawula izimoto iTraffic Control Centre (TCC) esihlangisa nesikali sesisindo. Iningi lezikali kulesi fundazwe zingasemigwaqeni emikhulu u-N2 no-N3, okwenza kulawuleke kalula ukulayisha ngokweqile kule migwaqo kodwa bese inganakeki eminye imigwaqo yesifundazwe okuyiyona engumthwalo wethu.

- Ngokocwaningo lwe-Council for Scientific and Industrial Research (CSIR), lingu-20% izinga lokulayisha ngokweqile ezweni lonke kanti umonakalo womgwaqo odaleka ngamaloli alayisha ngokweqile ungu-60% Lokhu kwenza kubaluleke kakhulu ukulawula ukulayisha ngokweqile ukuze imigwaqo yethu ivikeleke.

- Ngemuva kokubekwa kwesikali esingumahamba nendlwana kule ndawo kwatholakala ukuthi u-45% wezimoto udlula lapha ulayishe ngokweqile okulimaza kakhulu imigwaqo yethu. Nomthamo wezimoto waveza ukuthi kunesibalo esiphezulu samaloli amakhulu kule ndawo.

- Ukube bekuqhubeka ukulayisha ngokweqile, lo mgwaqo ubuzogcina usudinga ukwakhiwa kabusha kungabi ukuwulungisa nje okujwalekile.

- Izimoto ezilayishe ngokweqile ziba yinkinga nakwezokuphepha kwabanye abasebenzisa umgwaqo ngoba izinga lokusebenza kwamabhuleki nokuzinza kahle kwemoto kuyaphazamiseka.

- Yingakho sakhe lesi sikhungo iTraffic Control Centre (TCC) eGingindlovu, esingeke sikale izimoto kuphela kodwa kuzobhekwa amabhuleki, isimo semoto sonke nokuthi umshayeli ufanele yini ukushayela.

- Izindleko zalo msebenzi zibe ngu-R10.5 million kanti uphothulwe ngo-August 2008. Phambilini uMnyango wezokuThutha kuzwelonke ubuyifaka ifali yokwakha izikali kodwa kuthe uma iNational Overloading Control Funds (NOCF) ishoda ngezimali, izifundazwe zalulekwa ukuba zizikhokhele ukwakhiwa kwezikali.

- NjengoMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal sibe sesifaka kwisabelo-mali sethu ukuthi kwakhiwe lesi sikhungo saseGingindlovu iminyaka emibili.

- Mangiphethe ngokugcizelela ukuthi uMnyango wezokuThutha ukholwa ngukuthi ukwakhiwa kweGingindlovu TCC kuzosiza kakhulu ukwehlisa ukulayisha ngokweqile kule ndawo bese kwanda amathuba okuphepha kubo bonke abasebenzisa umgwaqo futhi nemigwaqo ihlale isikhathi eside.

**Ngiyabonga**